

Khethani Ukuphila



ISABATHA EMINI

Funda Lokhu Kuleliviki: *Gen. 2:8, 9; Rom. 6:23; 1 John 5:12; Deut. 30:1–20; Rom. 10:6–10; Deut. 4:19; Rev. 14:6–12.*

Indimana Yekhanda: “‘Ngifakazisa namuhla izulu nomhlaba ngani ukuthi ngibeke phambi kwenu ukuphila nokufa, isibusiso nesiqalekiso; ngalokho khethani ukuphila ukuba niphile, wena nenzalo yakho’” (*Duteronomi 30:19, NKJV*).

Njalo, yindaba edabukisayo: umuntu omusha, kulokhu yinkosazana eneminyaka engu-22 ubudala, itholakale inesifo esibucayi. Ithumba ebuchosheni. Nabo bonke ubuchwepheshe bezesayensi yokwelapha, akukho okwakungenziwa ngaphandle kokuba kulindwe elokufa. Kepha lenkosazana, “u-Sandy,” wayengafuni ukufa.

Ngalokho, wayenecebo. Ngemuva kokufa, ikhanda lakhe lalizofakwa kwi-deep freeze, oketshezini lwe-nitrogen, ngethemba lokubandisa ubuchopho bakhe. Bese ligcinwa, iminyaka engu-50, engu-100, engu-1000, kuze kubekhona isikhathi esithile kwikusasa, lapho ubuchwepheshe sebudlondlobale ngokwanele, ubuchopho bakhe, bunobuxhakaxhaka bemizwa, bungathathwa bufakwe kwi-computer. Yebo, u-Sandy “angaphila” njalo, mhlawumbe ingunaphakade.

Indaba edabukisayo, hhayi nje ngoba umuntu omusha wayezofa, kepha ngenxa yalapho ayebeke khona ithemba lakhe lempilo. Njengabantu abaningi, u-Sandy wayefuna impilo, efuna ukuphila. Kepha wakhetha indlela okuthi, ekugcineni, nembala ingasebenzi.

Kuleliviki, lapho siqhubeka noDuteronomi, sizobuka ekukhetheni ukuphila, kanye nethuba esilinikezwayo lokukhetha ukuphila, kepha ukukhetha ngemibandela kaNkulunkulu, Umuphi, kanye noMphasi wempilo, asinikeza ngomusa

*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, November 20.

Umuthi Wokuphila

Akekho kithina owacela ukuba lapha, akunjalo na? Asizange sikhethe ukubakhona njengoba singakhethanga ukuthi sozalwa kuphi futhi nini nokuthi ngobani abazali bethu.

Kwakunjalo nangoAdamu noEva. Abazange bakhethe ukudalwa nguNkulunkulu njengoba iqabunga, idwala, intaba kungazange. Njengesintu, sinikeziwe hhayi kuphela ukuba khona (idwala likhona), hhayi nje kuphela impilo (i-amoeba inempilo), kepha impilo njengezidalwa ezikhululekile nezicabangayo emfanekisweni kaNkulunkulu.

Kepha asizange sikhethe ukuba khona njengezidalwa ezinengqondo nezikhululekile ezenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. Into asinikeza yona uNkulunkulu, nokho, ngokukhetha ukuba siqhubeka nokubakhona; Okungukuthi, ukukhetha ukuba nempilo, impilo engunaphakade, kuYena, okuyinto esingaba nayo ngenxa kaJesu nokufa Kwakhe esiphambanweni.

Funda: uGenesisi 2:8, 9, 15–17 no Genesisi 3:22, 23. Yiziphi izinto ezimbili ezethulwa kuAdamu nguNkulunkulu mayelana nobukhona Bakhe na?

“Phakathi kwe-Edeni kwakukhula umuthi Wokuphila, ozithelo zawo zazinamandla okuqhubeka impilo. Ukube uAdamu wayeqhubeke nokulalela uNkulunkulu, wayezophubeka nokufinyelela kulomuthi futhi wayezophila ingunaphakade. Kepha ngenkathi ona wavinjelwa ekudleni emthini Wokuphila, futhi wabhekana nokufa. Isigwebo esingcwele, ‘ngokuba ungumhlabathi, uyakuphenduka umhlabathi,’ sikhomba ekubhubheni okuphelele kokuphila.”—Ellen G. White, *The Great Controversy*, pp. 532, 533.

Ngalokho, kusukela ekuqaleni, iBhayibheli lisethulela okukodwa phakathi Kwezinto ezimbili: impilo engunaphakade, okuyinto kwasekuqaleni okwakumele sibenayo, kanye nokufa kwaphakade, okungukubuyela ekubeni ngokungekho lapho sasuka khona kwasekuqaleni.

Kuyathathekisa, futhi, indlela “umuthi Wokuphila,” Izibhalo ezithi ngawo unikeza ukungafi, nokuthi uqala ukuvela encwadini yokuqala yeBhayibheli, uyavela futhi encwadini yokugcina. Funda iSambulo 2:7 neSambulo 22:2, 14. Mhlawumbe umbiko uthi nakuba kwakumele sifinyelele emthini Wokuphila, ngenxa yesono sancishwa lokho kufinyelela; kothi, ekugcineni, lapho inkinga yesono seyiqedwe ngokuphelele, sibonga kuJesu kanye necebo losindiso, abahlengiweyo, labo abakhethe ukuphila, bayokwazi ukufinyelela emthini Wokuphila njengalokhu kwakufanele kubenjalo kusukela ekuqaleni.

Zindla ngako: Ngokukhetha kwethu kwansuku zonke, sikhetha kanjani ukuphila noma ukufa na?

Akukho Ukuba Phakathi Nendawo

Kulo lonke iBhayibheli, sethulelwa ukukhetha okukodwa phakathi kokubili. Sikhetha phakathi kokubili.

Funda: izindimana ezilandelayo. Yiziphi izinto ezikhona, yikuphi ukukhetha kokubili, okusobala noma okugudlayo okukulezizindimana futhi kwethulwa kanjani na?

Johane 3:16 _____

Gen. 7:22, 23 _____

Rom. 6:23 _____

Rom. 8:6 _____

1 Johane 5:12 _____

Mat. 7:24–27 _____

Ekugcineni, akukho ukuba phakathi nendawo kithina njengesintu. Ngaphambi kokuba impikiswano enkulu iphele nya, isono, uSathane, ububi, ukungalaleli, kanye nokuhlubuka kuyosuswa. Emuva kokuba lokho sekwenzekile, thina ngamunye, sizoba nempilo, impilo engunaphakade, uNkulunkulu ayesihlelelele yona kwasekuqaleni ngaphambi kokudalwa komhlaba, noma sizobhekana nokufa kwaphakade, Okungukuthi, ” ukubhujiswa okuphakade, basuke phambi kobuso beNkosi naphambi kwenkazimulo yamandla akhe” (2 Thess. 1:9, NKJV). Akubukeki engathi iBhayibheli lisinekeza okunye esingakhetha kuko.

Kuyoba yisiphi Isiphetho sethu na? Leyompendulo, ekugcineni, ilele kithina. Kukhona ukukhetha okuphambi kwethu, ukuphila noma ukufa.

Ngokwengqikithi yokuphila okuphakade noma ukufa okuphakade, kungani iqiniso lebhayibheli lokuthi isihogo akukona ukushisa nokuhlukumeza abantu ingunaphakade liyiqiniso eliduduzayo na? Bekuyothini ngesimilo sikaNkulunkulu ukube abalahliwe bebeyohlupheka ingunaphakade na?

Ukuphila Nokuhle, Ukufa Nobubi, Izibusiso Neziqalekiso

Ngasekugcineni kwencwadi kaDuteronomi, ngemuva kwenkulumo ende ngokuyokwenzeka kubantu uma bengalaleli uJehovah futhi bephula izithembiso zesivumelwano, uDuteronomi 30 uqala ngesithembiso sokuthi noma bewele ekungalalelini futhi bajeziwa ngokudingiswa, uNkulunkulu nakuba kunjalo wayezobabuyisela ezweni.

Okungukuthi, uma bephenduka beshiya izindlela zabo zobubi.

Funda: uDuteronomi 30:15-20. Yiluphi ukhetho olwethulelwa uIsrayeli wasemandulo lapha, futhi lolukhetho likuveza kanjani esikubone kulo lonke iBhayibheli na?

UJehovah ucacisile kakhulu: Yena, u-Yahweh ubeke phambi kwabo ukhetho phakathi kwezimbili, empeleni lokho akwenza ngoAdamu noEva e-Eden. Eqinisweni, amagama esiHeberu “okuhle” (*tov*) no “bubi” (*ra’*) KuDuteronomi 30:15 ngamagama esiHeberu asetshenziswe kuGenesisi ngomuthi wokwazi “okuhle” (*tov*) no “bubi” (*ra’*). Lapha, njengakulo lonke iBhayibheli, akukho ukuba phakathi nendawo. Kuzomele bakhonze uJehovah baphile, noma bazokhetha ukufa. Kuyefana nakithina sonke, ngokunjalo.

Ukuphila, ubuhle, isibusiso, ngokuqhathaniswa nani na? Ukufa, ububi, Neziqalekiso. Ekugcineni, nokho, othile angakhuluma kufanele ukuthi uNkulunkulu ngempela ubanikeza okuhle kuphela, impilo kuphela, nezibusiso kuphela. Kodwa uma besuka Kuye, lezizinto Ezimbi ziyoba ngumphumela wemvelo, ngoba abasekho ngaphansi kokuvikela Kwakhe.

Noma sikuqonda kanjani, abantu banikezwa ngalolukhetho. Kusobala kakhulu, futhi, iqiniso lenkululeko yabo yokuzikhethelela. Lezizindimana, kanye nokuningi eBhayibhelini, Elidala Nelisha iTestament, azenzi mqondo ngaphandle kwesiphiso esikhethekile sokuzikhethelela.

Ngokomuzwa wangempela, uJehovah wathi kubo: *Ngakhoke, ngelungelo lokukhetha engininike lona—khethani ukuphila, Khethani isibusiso, khethani okuhle, hhayi ukufa, ububi, neziqalekiso.*

Kubukeka kusobala ukuthi yikuphi ukukhetha okulungileyo, akunjalo na? Kepha, siyakwazi okwenzeka. Impikiswano enkulu yayiliqiniso ngalesosikhathi njengoba injalo namanje, futhi kumele sifunde kwisibonelo sikaIsrayeli ngokungenzeka uma singazinikele ngokuphelele kuJehovha futhi sikhethe ukuphila nakho konke lokhu kukhetha okuhambisana nako.

Funda uDuteronomi 30:20. Qaphela ukuxhumana phakathi kothando nokulalela. Yini okumele uIsrayeli ayenze ukuze athembeke kuJehovah na? Lezizimiso zingena kanjani kuthina namuhla na?

Akulukhuni Kakhulu Kinina

UDuteronomi 30 uvula ngoJehovah esho ngokwakuzokwenzeka uma abantu bephenduka futhi beshiya izindlela zabo zobubi. Ziyamangalisa izithembiso abazinikezwa futhi!

Funda: uDuteronomi 30:1-10. Yiziphi izithembiso abazinikezwa nguNkulunkulu, nakuba lokhu kukhuluma ngokuzokwenzeka kubona uma bengalaleli na? Lokhu kusifundisani ngomusa kaNkulunkulu na?

Lokhu nembala kuyaduduza ukukuzwa. Kepha, iphuzu lapha kwakungekona ukuthi akusho lutho uma befulathela kulokhu uNkulunkulu ayebayaleze ukuba bakwenze. UJehovah akanikezi muntu umusa oshibhileyo. Kunalokho, kwakumele kubonakalise kubo uthando lukaNkulunkulu, futhi ngalokho, njengempendo, bamthande Yena, bembule uthando lwabo ngokulalela lokho ayebatshele kona ukuba bakwenze.

Funda: uDuteronomi 30:11-14. Uthini uJehovah kubo na? Yisiphi isithembiso esikulezizindimana, futhi iyiphi indimana kwiTestamente Elisha ongayicabanga ebonisa isithembiso esifanayo na?

Ngalolulimi oluhle, nokuphusa komqondo, buka lolubizo. uJehovah akabaceli lutho olulukhuni ukuba balwenze. Umyalelo kaNkulunkulu “awulukhuni” kakhulu noma awuyona “imfihlo” kubo ukuba bawuqonde. Futhi ungekude ukuba bafinyelele kuwo. Awukho ezulwini, kude okokuba kube khona omunye ozobalandela wona; ungekho naphasheya kwezilwandle, ukuba othile awulethe kubo. Kunalokho, uJehovah uthi: “Kepha, izwi liseduze kakhulu nawe, lisemlonyeni wakho nasenziziyweni yakho ukuba ulenze” (*Dut. 30:14, NKJV*). Okungukuthi, ukwazi kahle ukuba ukwazi ukukhuluma, futhi kusenziziyweni yakho ngalokho uyazi ukuthi kumele ukwenze. Yingakho, singekho isizathu sokungalaleli. “Konke ukufuna Kwakhe kungakunikeza ikhono.”—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, p. 333.

Empeleni, umpostoli uPawule ucaphuna ezinye zalezizindimana ngokwengqikithi yosindiso kuKristu: Okungukuthi, uPawule ubhekisa kuzo njengesibonelo sokulungisiswa ngokholo. (buka Rom. 10:6–10.)

Bese kuthi, emuva kwalezizindimana KuDuteronomi, abantwana bakwaIsrayeli batshelwe ukuba bakhethe ukuphila noma ukufa, isibusiso noma isiqalekiso. Futhi uma, ngomusa nangokholo, bekhetha ukuphila, bazokuthola.

Akwehlukile nanamuhla, akunjalo na?

Udaba Lokukhonza

Okwakuphakathi kobudlelwano besivumelwano phakathi kukaJehovah noIsrayeli kwakungukukhonza. Okwakubenza behluke kunezwe elibazungezile kwakungukuthi bona kuphela njengesizwe babekhonza uNkulunkulu weqiniso, ngokumelene nonkulunkulu bamanga babezizwe, okwakungebona onkulunkulu empeleni. “ ‘ “Bonani manje ukuthi mina, yebo, mina nginguye, akakho unkulunkulu ngaphandle kwami” ’ ” (Deut. 32:39, NKJV).

Funda: uDuteronomi 4:19, Duteronomi 8:19, Duteronomi 11:16, no Duteronomi 30:17. Yisiphi isixwayiso esifanayo kuzo zonke lezizindimana na? Kungani lesisixwayiso sisemqoka esizweni sakwaIsrayeli na?

Eminyakeni eyizinkulungwane eyedlule, njenganamuhla, abantu bakaNkulunkulu babephila osikweni kanye nasendaweni okwakuthi, ngezikhathi eziningi, kube namazinga kanye nezinkambiso nemicabango eyayilwisana nokholo lwabo. Yingakho, abantu bakaNkulunkulu kumele njalo baqaphe, Hleze izinkambiso zezwe, izithixo zalo, futhi “nonkulunkulu” balo babe yizinto abazikhonzayo, ngokunjalo.

UNkulunkulu wethu “nguNkulunkulu onomhawu” (Dut. 4:24, Dut. 5:9, Dut. 6:15), futhi nguYena kuphela, njengoMdali wethu noMhlengi, ofanelwe ngukukhonza kwethu. Lapha, futhi, akukho ukuba phakathi nendawo: kunokuba Sikhonza uJehovah, oletha ukuphila, okuhle, nezibusiso, noma Sikhonza noma yimuphi unkulunkulu, okuletha ububi, iziqalekiso, nokufa.

Funda: iSambulo 13:1-15 futhi uxhile odabeni lokukhonza olwethulwa lapho. Bese uqhathanisa lezizindimana neSambulo 14:6-12. Kwenzekani lapha kwiSambulo okuveza isixwayiso esinikezwa KuDuteronomi (nakulo lonke iBhayibheli empeleni) mayelana nokukhonza kwamanga?

Nakuba kuyiyiphi ingqikithi, udaba luyefana: Ngabe abantu bazokhonza uNkulunkulu weqiniso baphile, noma ngabe bazovumela isimo sengcindezi, esobala noma eyisinyenela noma kokubili, ukushintsha ukuzinikela kuYena babhekane nokufa na? Ekugcineni impendulo ilele phakathi komuntu ngamunye. UNkulunkulu akazange aphoqe uIsrayeli wasendulo ukuba amlandele, futhi akasiphoqi nathi. Njengoba sibona kwiSambulo 13, impoqo yilokho okuzosetshenziswa yisilo nomfanekiso waso. UNkulunkulu, ngokuqhathaniswa, usebenza ngothando.

Singaqinisekisa kanjani ukuthi, nangesinyenela, asishiyi ukunamathela kwethu kuJesu siye komunye unkulunkulu na?

Ukucabanga Kabanzi: Ngalesosikhathi, njengamanje, sonke sinikezwe ukukhetha. Igama elibucayi lapha ngukukhetha. Ngokungafani nokuqonda okuthile kobuKristu, okuthi, ngaphambi kokuba sizalwe, uNkulunkulu wanqamela abanye abantu hhayi nje ukuba balahleke kepha baze bashe ingunaphakade esihogweni, Izibhalo zifundisa ukuthi ukukhetha kwethu ukuphila noma ukufa, isibusiso noma isiqalekiso, okuhle noma ububi, kunquma ukuthi yikuphi (ukuphila, okuhle, isibusiso—noma ukufa, ububi, isiqalekiso) ekugcineni esizobhekana nako. Kuhle futhi ukwazi ukuthi nama ngabe othile enza isinqumo esibi, umphumela ngukufa, ukufa kwaphakade, hhayi ukusha Okungapheli echibini elingapheli lomlilo.

“Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.’ Roma 6:23. Nanjengoba ukuphila kuyifa labalungileyo, ukufa yisabelo sababi. UMose wamemezela kuIsrayeli: ‘ngibeke namuhla phambi kwakho ukuphila nokuhle, ukufa nokubi.’ Duteronomi 30:15. Ukufa okubhekiswe kukho kulezizibhalo akukona lokho okwamemezela kuAdamu, ngokuba sonke isintu sibhekene nenkokhelo yokona kwaso. ‘Kungukufa kwesibili’ okubekwa ngokuqhathinswa nokuphila okuphakade.”—Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 544.

Imibuzo Yokuxoxisana:

- 1 Eklasini, xoxani ngomqondo owethulwe esifundweni sangoLwesibili, sokuthi ngabe nguNkulunkulu ojezisa manje ngokungalaleli noma kuza ngokomthetho wemiphumela wezenzo zokungalaleli. Noma yikho kokubili na? Noma ngabe zikhona izikhathi lapho kungokunye phakathi kwako kokubili na? Usiqonda kanjani lesisihloko na?
- 2 Izindimana ezibhekile embhalweni ka-Ellen White namuhla zisifundisani ngamandla kaNkulunkulu akhona kithi ukuba siinqobe isono na?
- 3 Funda abaseRoma 10:1-10, lapho uPawule ecaphuna KuDuteronomi 30:11-14 ngenkathi ekhuluma kabanzi ngokusindiswa ngokholo kuJesu ngokuqhathanisa nokufuna usindiso nokulunga ngomthetho. Ucabanga ukuthi kungani asebenzisa izindimana ezikuDuteronomi na? Qaphela abaseRoma 10:10: “ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngokusindiswa” (NKJV). Phuzu lini alenzayo uPawule na?
- 4 Yiziphi izindlela osikweni lakho, emphakathini wakho, kubantu bakho ezinngaba nomqondo wokuthi, uma unganakile, zingakuholela ekukhonzeni kwamanga na?